**KWAZULU NATAL DEPARTMENT OF EDUCATION**

**GREENBURY SECONDARY SCHOOL**

**ISIVIVINYO SIKA SEPTHEMBA 2018**
**IPHEPHA LESIBILI**
**IBANGA LE-12**

**USUKU:** 10/09/2018
**ISIKHATHI: AMAHORA AMA-2**
**AMAMAKI: 70**
**UMHLOLI: A.J.MHLONGO, S.B. MDUNGE**
**UMCUBUNGULI:. S.B.MDUNGE**

**UBUDE BEPHEPHA: AMAKHASI AMA-----**

**IGAMA LOMFUNDI:-----------------------------------------------**
**GR /DIV ---------------------------------------------------------------**

**IMIYALELO KUBAFUNDI**

FUNDISISA IMIYALELO NGAPHAMBI KOKUPHENDULA IMIBUZO

1. IMIBUZO MAYIPHENDULWE YONKE
2. BHALA NGOBUNONO
3. HLELA UMSEBENZI WAKHO NGOKWEZIQEPHU ZEPHEPHA
4. FUNDISISA OKUBHALILE UKUZE UNCIPHISE AMAPHUTHA

**UMBUZO 1: *UMSHADO* – N Zulu**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

Ukusa kwabonwa nguye uBheki. Waphuthuma esikoleni. Uhamba nje ujabhile ngoba ubona sengathi othisha bazomhleka. Kuyabonakala phela ukuthi kukhona okumtitinyile ebusweni. Aqinisele nokho.
'Hawu Bheki, sengathi uyancipha nje manje?'
'Usho kanje Sifiso?' Azibuke uBheki. Akhumbule ukuthi into emdlayo iphupho.
'Usakuphethe kahle kodwa uTholi?
'Ungiphethe kahle yena. Into eyinkinga nje ukuthi kufanele ngishade naye masinyane. Nokho-ke kusekhona izithikamezo okufuneka ngizigudluze kuqala.'

'Yena uzimisele ngokuthi nishade?'
'Yena akananinkinga.'
'Uma kunjalo qhubeka namalungiselelo-ke wena. Thina siyokusiza uma usidinga. Useke waya ekhaya kini bambone?'
'Akakaze aye. Inkinga umama ndoda. Akafuni nakumbona.'
'Ilungise leyo nto Bheki. Isemqoka kakhulu. Xoxa nomama wakho. Iyangethusa le nto yokuncipha kwakho.'

Bashiyane. UBheki ezwe ejabula uma ezwa uSifiso ekhuluma amazwi ashube kangaka. Sithe siphuma isikole uBheki wabe esejahe ukuyobona uTholi. Wedlula ekhaya. Bathi ukuxoxa nonina.
'Ngivumeleni ngishade noTholi mama.'
'Kodwa umfunani umfelokazi wena?'
'Yimina engiyosala naye nina ningasekho. Ngiqonde ukuthi ngifuna ukuhlala nomuntu engimthandayo.'

'Iyangehlula le ndaba yakho Bheki. Kuzofuneka kushiswe impepho, kubulawe imbuzi kucelwe kwabaphansi. Mhlawumbe sekungabonakala-ke uma sekwenziwe lokho.'
'Sengathi yinto ezothatha isikhathi eside kakhulu leyo mama.'

| | | |
|---|---|---|
| 1 | Babenza msebenzi muni oBhekani noSifiso? | (1) |
| .2 | Wayedliwa yini uBheki njengoba ayesenciphile? | (1) |
| 3 | Yimaphi amalungiselelo okukhulunywa ngawo esiqeshini esingenhla? | (1) |
| 4 | Yini eyayenza ukuthi uTholi angavakasheli kubo kaBhekani? | (2) |
| 5 | Yisiphi isizathu esashiwo nguBhekani kumama wakhe sokuthi kungani kufanele ashade noTholakele ngokwasesiqeshini? | (2) |
| 6 | Bhala OKUBILI umama kaBhekani abona ukuthi kufanele kwenziwe uma uBhekani efuna ukushada noTholakele. | (2) |
| 7 | Yayibizwa ngokuthini imijondolo lapho ayehlala khona uTholakele? | (1) |
| 8 | Xoxa ngesisusa sodweshu phakathi kukaBhatomu noBhekani. | (2) |

*Pheqa ikhasi*

9 Le ndaba yenzeka esikhathini samanje. Bhala amaphuzu AMATHATHU ukufakazela lesi sitatimende. (3)

10 Isenzo sikaSifiso sokuyala uBhekani simveza njengomlingiswa onjani? (2)

11 Kwakufanele enze liphi isiko uTholakele ngaphambi kokuba alotsholwe? (2)

12 Yikuphi okwenzeka endlini kaBhekani okwaba wuphawu lolaka lukababa wakhe? (2)

13 Ukushona kukamkhwenyana kaTholakele kwaba namuphi umthelela empilweni kaTholakele? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

14 Yisiphi isigameko esenza ukuthi uLindiwe ahambe engavalelisanga kuBhekani? (2)

15 Ukuba wawunikwa ithuba lokukhethela uBhekani unkosikazi phakathi kukaTholakele noLindiwe, wawungamkhethela bani? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

16 Nikeza izizathu EZIMBILI ezazenza umalume kaBhekani angamthandi uTholakele. (2)

17 Nikeza umyalezo owethulwa umbhali wale ndaba. (2)

18 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 18.1 UZenze | A Wayefuna ukungena uTholi ngenkani. |
| 18.2 Umfelokazi | B Wayezakhela izibhamu. |
| 18.3 UBhatomu | C Wathatha ilobolo likaTholi. |
| 18.4 UJazibomvu | D Owesifazane oshonelwe indoda. |

(4 x 1) (4)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU : 35**

Pheqa ikhasi

ISIQEPHU B: UMDLALO

UMBUZO 2: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

| | |
|---|---|
| *(Esikhumulweni samaphoyisa, uDuma uyathuthumela ukhuluma nosayitsheni lo ayembikele ngokuhlaselwa kwakhe endleleni.)* | |
| Duma: | Ngiyabonga sayitsheni. Ukube anifikanga ngabe indaba yami isingumlando. Ngibonga kakhulu sayitsheni. |
| Sayitsheni: | Ubonga ngakhona Duma kodwa nguwe oyimbangela yalokhu. |
| Duma: | Usho ukuthini sayitsheni? Yimi yini ovimba intuthuko kule ndawo? |
| Sayitsheni: | Uyakhumbula ngikubuza ukuthi uyathathisa na enkosini uma uzokwenza utho endaweni yayo? Wathini wena? Angithi wadaza inkani? Nenhlangano yakho yabuye yakuyala ngokuhlonipha inkosi, wena wenza okuthandwa nguwe. Bafile-ke manje abantu. UMbandlwa siyezwa ukuthi ubengungqa phambili ekutheni wenze lokhu obukwenza. Naye uDlamini kuyavela ukuthi ubethukuthela aze enze izinto ezingalungile njengakho ukushaya uMbandlwa. Angimsoli-ke yena kakhulu ngoba ubehlukunyezwa ngukubona wena uthela inkosi ngothuli. |
| Duma: | (*Ukuzithoba kuyadlondlobala. Useze watshekisa ngisho nekhanda. Izandla zakhe ulokhu ezihlanganisa njengomuntu okhuluma nomuntu amhlonipha ngendlela exakile.*) Ngiyezwa sayitsheni. (*athule kancane*). Sekwenzekile-ke okubuhlungu sayitsheni. Ngiyaphinda ngithi vele sekonakele. Manje, ngizocela nigcine ukuthula endaweni, mina sengizowuyeka-ke lo msebenzi wobukhansela. |
| Sayitsheni: | (*Enyuse izwi ngenxa yentukuthelo*) Uthini? Uyeke? Niqala izinto bese nigabisa ngokuyeka uma sekonakele? Lutho? Wena yelekelela ekucisheni lo mlilo wothathe osuwokhele. |
| Duma: | Kahle sayitsheni. Ngizowucisha kanjani lo mlilo? Bazongibulala phela abantu. |
| Sayitsheni: | (*Amkhombe ebunzini*) Hawu! Wena kanti uyakusaba ukubulawa. Manje ukhetha ukuthi kubulalane abantu benkosi? Musa ukudlala lapha. Amakhansela afana nawe vele ayahluleka ukwenza umsebenzi wawo ngoba ayajiyelwa ngukuthi indawo yaseMlazi ayifani nendawo yasemakhaya enenkosi. |

1 Bakuphi laba abaxoxayo? (1)

.2 Ngubani owasindisa impilo kaDuma ekufeni ngokwasesiqeshini esingenhla? (1)

.3 Wayenasikhundla sini uDuma? (1)

*Pheqa ikhasi*

.4 Bhala amagama abantu ABABILI ababesebenzisana noDuma noShandu ukuthi kungabi nokuthula endaweni. (2)

.5 Bhala isithakazelo senduna yenkosi esibhalwe kulo mdlalo. (1)

6 Yibuphi lobu buhlungu uDuma akhuluma ngabo kulesi siqephu esingenhla? (2)

.7 Njengoba uDuma ekhuluma noSayitsheni inkosi yona yayikuphi? (1)

8 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Amagama athi 'ukuthela inkosi ngothuli' asho:

A Ukuhlonipha inkosi
B Ukuncoma inkosi
C Ukudelela inkosi
D Ukuhleba inkosi (1)

9 Xoxa ngesisusa sodweshu phakathi kukaMbandlwa noDlamini. (2)

.10 Bhala ngamaphuzu AMATHATHU ngesigameko esenzeka esikoleni iNdabuzekwayo. (3)

11 Wahambelani uMaShezi emzini wakhe? (2)

.12 Incwadi eyabhalwa yinkosi uShandu yaba namthelela muni kule ndawo? (2)

13 Umbhali ubaveze kanjani laba badlali abalandelayo? Bhala amaphuzu AMABILI ngomdlali ngamunye.

3.13.1 UShandu (2)

3.13.2 UDuma (2)

14 Iyiphi inhloso yombhali yokubhala ngombuso weNtando yeNingi kanye nombuso weNdabuko? (2)

15 Bhala ingwijikhwebu etholakala kulo mdlalo. (2)

16 Ngokucabanga kwakho kufanele yini izindawo zasemakhaya zibe namakhansela. Sekela impendulo yakho. (2)

17 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi abantu besifazane ngokwalo mdlalo bayakwazi ukudala ukuthula noxolo emphakathini. Sekela impendulo yakho. (2)

18 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | | IKHOLOMU B | |
|---|---|---|---|
| 3.18.1 | Wafundela ukuba uthisha | A | Wayehlala Kwa-Mashu |
| 3.18.2 | Umlamuli | B | UmaNgema |
| 3.18.3 | UDuma | C | Umazongolo |
| 3.18.4 | UMaShezi | D | Ummeleli |

(4 x 1) (4)

**[35]**

**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

GREENBURY SECONDARY SCHOOL
DEPARTMENT OF LANGUAGES
H.O.D. MR S R PANDAY